



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

KZN Department of Agriculture & Rural Development
Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200

Enquiries: Nalini Dickson
Tel: 033-3438254 or 0832340475

Fax: 033-343 8255I not
Toll-Free: 0800 000 996
Email: Nalini.Dickson@kzndard.gov.za

INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATALI, UMNU. CYRIL XABA, AKAYETHULA EMCIMBINI WE-PROVINCIAL FEMALE ENTREPRENEUR AWARDS 2015, E CEDARA CENTENARY HALL, MHLA KA 11 AUGUST 2015

Mphathi wohlelo oyibamba leMenenja yeRural Coordination, Nksz. Z. Masuku

Mama wesiZwe saseNingizimu Afrika, Mama MaKhumalo-Zuma

Isekela likaNgqongqoshe emNyangweni we Telecommunications and Postal Services, Professor H. Mkhize

IMeya kaMasipala wesiFunda soMgungundlovu, Councillor Yusuf Bhamjee osamukelile kanye nazo zonke iziMeya ezikhona

Inhloko yomNyangano wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, Dkt. S. Mkhize

UMenenja-jikelele ye Rural Development and Coordination, Ms L. Grande

Abasebenzi bakaHulumenni abakhona

Osingabo, abakhethiwe kulomncintiswano we Provincial Entrepreneur Awards

Bakwethu

UHulumeni waseNingizimu Afrika wamemezela usuku lomhlaka 9 Agasti njengoSuku lwabesiFazane eNingizimu Afrika okubungazwa ngalo igalelo labesifazane emzabalazweni wenkululeko. Lolu suku kanye nale nyanga kuphinde kusikhumbuze ukuthi sisamelwe ukusebenza ukuphucula isimo sabesifazane ezweni lethu nasezwenikazi lase-Afrika.

ENingizimu Afrika namuhla baningi abesifazane kunabesilisa. Kubantu abangu 51, 8 million, balinganiselwa ku 25, 2 million abangabesilisa kuthi abangu 26,6 million bangabesifazane. Lolucwaningo lusikhombisa ukuthi ngabesifazane futhi abangaphansi kwengcindezi yobubha. Yize kunemihlomulo esizuziwe kusukela

ngo 1994 ekuphuculweni kwesimo senhlalo nesomnotho kwabesifazane, izinkinga ezibhekene nabo zisaqhubeka. Ngokwemibiko edidiyelwe ngabakwa Oxfam mayelana nesimo sendlala eNingizimu Afrika, imizi ebhekene nengwadla yendlala yileyo eholwa ngabesifazane nezingane. NjengoHulumeni kanye nemiphakathi angeke siphumule size siguqulwe lesisimo.

Ucwaningo kanye nobufakazi obuvela kwiZwekazi lase Afrika, e-Asia kanye nase Latin America lusikhombisile ukuthi impilo iyadlondlobala uma kuhlonyiswa abesifazane. I Food and Agriculture Organisation (FAO) ilinganisa ukuthi uma abesifazane benethuba elilinganayo lokuthola izinsiza-kusebenza emhlabeni wonke, imikhiqizo yabo ingakhula ngemikhiqizo engu 30% nokungaba nomphumela wokuthi kwehle isibalo sabantu abalambayo.

UMqondisi wophiko oluse-Afrika lwenhlangano eyaziwa nge ONE neqhuba umkhankaso wokuqeda ububha kanye nezifo ezinqandekayo emhlabeni jikelele **wake wathi "Uma ohulumeni kanye nababambisane nabo betshala izimali kwezolimo, ikakhulukazi kubalimi besifazane namuhla, abesifazane bangaqinisekisa ukuthi bashiya umlando omuhle lapho abantu benokulingana kanye namathuba angahlomulisa izizukulwane ezizayo aphinde abe ngukuqala kokuphela kwezizwe ezincike oxhasweni."**

Njengohulumeni waseNingizimu Afrika, akungangabazeki ukuthi lokhu kuyinhloso yethu, ukuze sidedele amandla abesifazane bethu abangabalimi. Ukuninika ukusekeleka enikudingayo siphinde futhi sihloniphe amagalelo enu kulomkhakha. Lomcimbi owaziwa nge Female Entrepreneur in Agribusiness Awards ungobalulekile kakhulu ngoba awuhloniphi nje nina njengabantu besifazane, kepha unibeka esigabeni sokuba ngabaqeqeshi besizukulwane sentsha engabalimi besifazane. Kubo bonke abakhethiweyo lapha namuhla, ngithi nenze kahle, ningabahlali bendlela abakhombisa ukuthi kungakanani okungazuzwa ngokusebenza kanzima, ngesibindi nangokuzimisela. Nginethulela isigqoko.

Ngikhumbula isiqubulo esasihaywa ngabesifazane ababebhikisha bebheke e-Union Buildings eminyakeni engu 59 eyedlule beyokhonondela ukushaywa komthetho wokuphathiswa kwabesifazane o-dompasi. Isiqubulo sabo sasithi **'wathinta abafazi, wathinta imbokodo.'**

Abakhethiweyo bayikhombise ngokusobala imbumba yamandla abo okushintsha izimpilo, ikakhulukazi ezindaweni zakithi ezisemakhaya. Amaqhawe ethu omzabalazo esibala kuwo o Lilian Ngoyi, Helen Joseph, Rahim Moosa kanye no Sophia De Bruyn, kumele ukuba bayaziqhenya lapho bekhona.

NjengoMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya lapha KwaZulu Natali, kumele ngisho ukuthi nami seninginikeze ugqozi lokuthi siyibambe ngakho ngeqhinga lethu elisha lokuguqulwa kwesimo sezolimo

kulesisiFundazwe. Yize bengingeyiyo ingxenye yamajaji, kepha bengaziswa ngakho konke okuqhubekayo kanye nolwazi mayelana nalabo abangenele lomncintiswano.

Ngikuthole kungigqugquzela ukuthi abesifazane abaphumelele yilabo abakhele amabhizinisi ezisekelweni zeqhinga lethu. Iqhinga lithi ezolimo ziyisayensi kanye nebhizinisi nokuthi imfundo iyisiqalo sabo bonke abafuna ukuphumelela. Nonke nibona amapulazi enu njengamathuba okudala imisebenzi kanti futhi niqasha amalungu emiphakathi enisebenza kuyo.

Kungigqugquzelile futhi ukuthi izinhlelo zikahulumeni ziyasebenza nokuthi iningi lenu likwazile ukukhulisa amabhizinisi enu ngokwesekelwa ngumNyango.

Yize ngingeke ngizibalule zonke izindaba zokuphumelela kwenu, kepha ake ngazise izethameli izibonelo ezimbalwa. Ngihlabeke umxhwele ngodaba lika Nksz. Busisiwe Zulu, okhethwe emkhakheni we Best Subsistence Farmer esiFundazweni. UNksz. Zulu ukufake enhliziyweni yakhe ukuthi ezolimo ziyisayensi. Uhlanganise ulwazi lwesimanje lwesayensi kanye nolwazi lwesintu endleleni yakhe yokulima. Ngiyabona Nksz. Zulu ukuthi ukunakekela imvelo kuyisisekelo sokulima kwakho. Ukala amanzi uma unisela ukuze uvimbele ukuguguleka komhlabathi. Uphinde usebenzise amaqhinga amasha okutshala ungalimanga (no-till) ukuze unqande ukudicileka phansi kweqophelo lomhlabathi kanti uphinde ushintshanise okutshalayo, usebenzise amacembe ezitshalo ukuvundisa umhlabathi futhi uwugcine uswakeme. Uhlanganisa lezindlela nolwazi lomdabu, usebenzisa amakhambi esintu ukulawula izinambuzane esikhundleni samakhemikhali.

UNksz. Zulu uphinde akhombise ukuthi imfundo iyisisekelo sezolimo. Akagcini nje ngokufundisa amalungu omphakathi akahlala nawo izindlela zokulima kepha useke wafundisa nezitshudeni eNyuvesi yaKwaZulu Natali. UNksz. Zulu wacela uSolwazi Albert Modi, oyiNhloko yeSikole sezoLimo eNyuvesi yaKwaZulu Natali ukuthi ake azofundisa izitshudeni izindlela zokutshala ngaphandle kokusebenzisa amakhemikhali.

Bonke abakhethiweyo lapha namuhla baphumelele ngoba bawufake ezinhliziyweni umyalezo othi ukutshala kuyibhizinisi. Kungithintile ukuthi nonke nifuna amabhizinisi enu okulima akhule. Nikubona kubalulekile ukuphathwa kwezimali nokugcinwa kwamabhuku ekulawulweni kwebhizinisi. Ipulazi iSofoso, elikhiqiza izinhlanzi zokuhlobisa, liyisibonelo salokhu. Lelipulazi alinawo amakhompyutha noma ubuchwepheshe besimanje kepha libhala wonke amarekodi alo ebhukwini lokubhala elisetshenziswa ezikoleni liphinde ligcine amafayela nama risidi nokunye ngononina.

Kulo nyaka sinqume ukufaka umkhakha omusha ohlwini lwethu lwemikhakha emikhulu. Lona ngumkhakha obizwa nge Top Enterprenuer Export Markets.

Okwamanje sinomlimi oyedwa ongenelile, kepha angingabazi ukuthi lomkhakha uzodlondlobala.

Udaba luka Nksz. Busi Lubanyane lungolugqugquzela kunazo zonke. Likhombisa ukuthi sisendleleni eyiyona yona ebheke eqhingeni lethu lokuguqula ezolimo nokwiyilo esingadlondlobalisa abalimi abalimela ukuzondla sibabeke ezingeni lokuba ngabazimele, abaphumelelayo nabahweba ezimakethe ezisezingeni lomhlaba. Lokhu kuphinde kusikhombise impumelelo yale miklomelo kanye neye Female Entrepreneur Programme.

UNksz. Lubanyane uselikhulisile ibhizinisi lakhe lezolimo laze lafika esigabeni lapho ehweba nge ngamakinati emacademia e-USA, Europe kanye nase Far East. Uqale ukungenela lo mncintiswano ngo 2008 emkhakheni we Smaller Holder esatshala utamatisi. Wanqoba kulo mkhakha wabe esetshala isamba semali yomhlomulo engu R75 000 ekukhuliseni ipulazi lakhe. UNksz. Lubanyane wasekelwa ngumNyango kanye ne Agricultural Development Agency (ADA) ngokunikwa uqeqesho olunzulu ngaphansi kwe Perishable Product Export Board Council. Ubuye waqeqeshwa ekuphathweni kwezimali, ibhizinisi lwezolimo kanye nakwezimakethe. Loku kuqeqeshwa kwamvulela amasango okuba abe ngumlimi emkhakheni wabahwebayo. Ngonyaka ka 2010 ungenele lo mncintiswano we Female Entrepreneur Awards wabalimi abahwebayo kepha walala isibili. Umklomelo akawuthola kulo mkhakha waphinde wawutshala ekuthuthukiseni ipulazi lakhe ukuze aqalise ukutshala amakinati emacademia. I-ADA yamlekelela ngengqalasizinda kanti namuhla uNksz. Lubanyane ungowokuqala wesifazane omnyama KwaZulu Natali oqhamuka kwisiFunda soGu ohweba ngemacademia ezimakethe zomhlaba.

Uma ubheka udaba lwakhe, kubalulekile ukuqaphela ukuthi impumelelo ayizi kalula. Kudingeka ukuba usebenze kanzima, ube nothando, uzidele uphinde uzinikele. Kumthathe iminyaka eyisithupha uNksz. Lubanyane ukusuka ekubeni ngumlimi olimela ukuzondla aze afike ezingeni lapho egculisa imigomo yokuhweba ngemikhiqizo yezolimo e-USA kanye nasezimakethe zase Europe.

Izindaba ezinhle kukho konke lokhu ukuthi le miklomelo ayifiki kanye empilweni kepha umNyango wezolimo kanye nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uzibophezele ukuqhubeka nokweseka abalimi abanqobayo kulo mncintiswano isikhathi esiyiminyaka eyisithupha. Loku kwesekwa kuhlanganisa;

- Ukuqeqeshwa ekuphathweni kwebhizinisi lwezolimo kanye nokuqeqeshelwa ukuhweba ezimakethe zomhlaba;
- Ukwesekwa ekutholeni ingqalasizinda yokuqala ibhizinisi, imali kanye nezimakethe zomkhiqizo; kanye
- Amathuba okuxhumana nabantu abangakubeka emathubeni okuphumelela.

Ngithanda ukuphinda ngithulele isigqoko bonke abangenele lo mncintiswano kanye nokunifisela nonke inhlanhla kulo mcimbi wezindondo. Labo abazonqoba bazothola ithuba lokuba bangenele isigaba esilandelayo sezindondo sikazwelonke. Kulo nyaka, umcimbi wezindondo kazwelonke uzobanjwa khona lapha esiFundazweni sethu kuyo le nyanga ngomhlaka 27 Agasti.

Uma unghlomulanga ndondo namuhla, ungapheli amandla ngoba nonke ningabanqobi. Nkhethe njengabavelele kubalimi abangaphezu kuka 90 ekade bengenele. Ukufinyelela kule sisigaba kuligalelo elikhulu kukodwa nje. Nisazoqhubeka nithole ukwesekwa ngumNyango ngosizo olutholakala kumahhovisi ethu asezifundeni enisuka kuzo. Lokhu sikwenziswa ukuzibophezela kwethu ekudlondlobaliseni ezolimo kulesi siFundazwe kanye nasekulekeleleni abalimi abasafufusa, ikakhulukazi abesifazane nentsha, ukuba bafinyelele ezingeni eliphakeme.

Kubo bonke abesifazane abalapha namuhla nginethulela isigqoko futhi nginifisela inhlanhla kukho konke enikwenzayo. Yithokozeleni yonke lenyanga ka-Agasti – inyanga yenu ekhethekile.

Ngiyabonga